


# UNOMPHELA

 Ngiyajabula ukuba lapha lokhu kusa, futhi lokuzwa lesi isikhuthazo, ngisiza nje kupulathifomu. Uxolo ngokuphuza. Kodwa abagulayo ngemuva phandle-le, ezimoteni, kuma ambulensi, okunjalo, futhi—futhi ngenze okokubamba labo ababengenelisi ukungena, uyabona, ngingakangeni.

<sup>2</sup> Manje, ngingazi uba udade olo—olomfo omncinyane, uba engeke aphenduke limini. Ngifuna ukutshumayela lintambama, njalo, nxa iNkosi ithanda. Nxa engeke aphenduke okokunikelwa khona-ke, lapho bengimile okwesikhathi eside lesisikhathi, awu, mtsheleni ukuba, engaletha ingane manje. Kodwa nxa engaphenduka, kulokhu, lobubusuku, kuzakuba ngcono kithi. Kodwa makuthi loba yini angakwenza, loba yini okukutshoyo. Ngani, angeke aphenduke, sizaletsa umfo omncinyane manje ukunikelwa. Futhi manje, zonke lezi, lapho ngisakhuluma, nxa efuna ukubuya manje, futhi lesi kungaba yisikhathi.

<sup>3</sup> Manje, lobubusuku, kulokukhethekileyo sibili, ngi—ngifuna ukukhuluma ngesifundo lobubusuku, umbiko wosiprofethi wokuthi: *Mnumzana, Yiso Lesi Isikhathi?* Ngakho nxa iNkosi ithanda, ngifuna ukukhuluma ngaso leso sifundo lobubusuku. *Yiso Lesi Isikhathi, Mnumzana?* Kumbe, *Mnumzana, Yiso Lesi Isikhathi?* ngingatsho. Futhi-ke ngifuna ukuthatha lelithuba, phambi kwebandla. Okuyikuthi, kubelezinto ezinengi ezenzakeleyo ensukwini ezinlutshwane ezedluleyo, okukhomba e—entweni enkulu engingayizwisisiyo. Kodwa thina si, sihlezi...Indlela zikaNkulunkulu azizwisiseki ngabantu, ngakho kufanele sihambe ngokukholwa. Nxa loba ngubani ongachasisa uNkulunkulu, khona-ke akusoze kudingeke ukuba lokholo, ngoba u—uyazi khona-ke. Kodwa sihamba nje ngokholo.

<sup>4</sup> Futhi lokhu kusa, ngicabange ukuthi ngizazama nje ukuba lenkonzo yokuvangela ejwayelekileyo, ngoba, ngingathi ngiguqule umqondo wami emva kokuba sengehle phansi lapha futhi ngabona abanengi bemile, futhi bekade belindele okwesikhathi eside. Futhi-ke, lobubusuku, mhlawumbe kancinyane lapha, futhi-ke ngingaqhubekela phambili ngalokhu engifuna ukukutsho.

<sup>5</sup> Into eyodwa engizathanda ukuyimemezela, lapho abanengi besasendawonye, inengi lenu lindawonye. Yinto engizinqande ukuyimemezela okwamaviki ambalwa edluleyo. Lokho kuyikuthi, imikhuleko yenu iphenduliwe mayelana ngodaba lomthelo engangilalo lohulumende. Solulungisiwe. Futhi-ke thina si...So—sokuphelile manje. Futhi abanengi benu liyazwisisa lokho ababelakho bemelana lami kwakungama

tsheki lawo ayeyenzelwe umkhankaso, kukanti bazama ukuthi bathi ayengawami phandle lapho. Futhi babefuna ukungibhadalisa inkulungwane ezingamakhulu amathathu lamatshumi amahlanu lokunye zamadola ngokuba eqondane lami, futhi kwakungayisikho. Yayingeyomkhankaso. Futhi ibandla liyazi ngalokho. Lonke lina liyazi mayelana ngakho. Futhi ekucineni babuya endaweni leyo. . .

<sup>6</sup> Ngizalichasisela ngamafitshane lokho okwenzakalayo. Basebele phose iminyaka emithathu kusiya kwemihlanu, phose, okungaphose kube yiminyaka emihlanu, ngiyathemba, odabeni, futhi emuva laphambili, lesimilo lakho konke. Kodwa ngiyathokoza kakhulu ukuthi babengeke bathole loba yini emelana lami, ngakho babengelakungethesa icala ngakho. Ngakho kwakungela lutho lokwethesa icala, kuphela, bathi, ukungazi kwami—kwami, ngokwami, ngiyethemba, ngokungazi kangako ngomthetho. Babengilethela amatsheki futhi ngangiwasayina, ngibeke ibizo lami kiwo, ngiwabeke emkhankasweni. Kodwa khona-ke, ingqe ngibeka ibizo lami kiwo, ayengawami, uyabona. Kungelandaba. . . Wathi, “Lokho kuhle sibili kuwe ukukwenza, kanjalo. Kodwa ayengawakho, futhi-ke wawanika ibandla. Kodwa khonapho ubeka ibizo lakho kiwo, ayesengawakho, kungelandaba lokho ayehloselwe khona. Ayebhalelwe kuwe.” Ngakho. . . futhi nxa ayebekwe ku. . . omunye umuntu wayebeke lapho, “isipho esiqondane lomuntu,” kwakungabe kulungile. Kodwa babhale nje, “William Branham.” Bona? Futhi lapho ngibeka ibizo lami kiyo, khona-ke kwakwenza. Kwakuyikho konke. Ngakho kwakule. . . Futhi-ke ekucineni ngomkhuleko. . .

<sup>7</sup> Futhi-ke kungasikude, uyazi, baya. . . Ngaba lombono ukuthi indoda enkulu, emnyama, ethunqayo, elomsizi, ilamaxolo, njengengwenya, isiza, ihamba isiza ngakimi, ileminwe yensimbi. Ngangi lengqamu eyodwa encinyane, njenga *lokho*. Futhi wayelalokhu kuye, “Uhulumende weUnited States.” Futhi ngangingesize lutho. Ngangingelalusiza. Futhi-ke iNkosi yasisiza enkundleni, futhi kwanqotshwa. Futhi liyangikhumbula ngilitshela lokho, isikhathi eside esedluleyo.

<sup>8</sup> Futhi bavumela ukuyekethisa, ngolunye usuku. Futhi igqwetha lami, uMnu. Orbison eNew Albany, lo Ice loMiller eIndianapolis, ngodaba lomthelo, bangibiza, futhi bangitshela, “Yehla phansi.” Futhi ngehla phansi, uMfowethu Roberson lami, lomkami, labaphathi bebandla lapha, lathi sonke. Sehla phansi. Futhi basitshela ukuthi babe, uhulumende, wayefuna ukuyekethisa.

<sup>9</sup> Futhi ngathi, “Mina, nxa ngilesikwelede kuloba ngubani, ngizababhadala. Kodwa ngenza ukwenelisa kwami konke. Kodwa,” ngathi, “Angila sikwelede salokho.” Futhi-ke ngathi, “Ngi—ngi. . . Kungo, ngokuthembeka. UNkulunkulu uyazi. Futhi kungani bengangethesi icala, khona-ke, nxa ngilecala?”

Ngathi, “Babeleminyaka emihlanu ukuzama ukukwenza, kodwa abatholanga lutho lokukwenza ngakho.” Ngakho ngathi, “Hatshi, ngiyala. Angisoze ngikubhadale kuze kufakazelwe ukuthi ngilesikwelede sakho.”

<sup>10</sup> Futhi-ke igqwetha langingenisa phakathi lakhuluma lami, lathi, “Manje, singalithetha icala. UHulumende uzalithetha.” Futhi wathi, “Lapho bekwenza, into kuphela abangayithola emelana lawe, kwakuyikuthi wena...” Lokho engi, lokho, indlela engikwenze ngayo. Angizange nje...

<sup>11</sup> Kangazi lutho ngokugcina amabhuku, ngakho ngenza nje ukuthi ngikwenze ngendlela ebengicabanga ngayo ukuthi ithembekile. Futhi ayi-ayifakwanga ebhanga ebizweni lami. Yayihlezi ifakwa ebhanga ebizweni lomkhankaso webandla lokunjalo, bona, ngakho kwakungelalutho engangilwenza ngakho. Futhi nga...

<sup>12</sup> Wathi, “Awu, bazimisele ukuyekethisa, okwenkulungwane ezilitshumi lanhlanu zamadola, lesijeziso senkulungwane ezilitshumi zamadola.” Futhi imbhadalo yegqwetha yayizinkulungwane ezilitshumi lanhlanu. Lokho kwangenzela inkulungwane ezingamatshumi amane. Futhi-ke khona bafuna ezinye ezinhlanu, ngicabanga ukuthi kunjalo manje. Ngakho ngahamba...

<sup>13</sup> Ngathi, “Kungaphi emhlabeni engingathola khona inkulungwane ezingamatshumi amane zamadola na?” Ngathi, “Uyazi, i-akhawunti yami yebhanga lapha, ithi phose amadola alikhulu, kumbe mhlawumbe angaphansi.” Ngathi, “Kungaphi engingathola khona inkulungwane ezingamatshumi amane lokunye zamadola na?” Futhi ngathi, “Angila lutho lwesibambiso. Angilakho nje. Yikho kuphela.”

<sup>14</sup> Futhi wathi, “Mnu. Branham,” wathi, “nanku lapha okuyikho. Nxa singathetha indaba,” wathi, “akula kuthandabuza kodwa ukuthi siyayinqoba indaba.” Wathi, “Kodwa nanku okuyikho. Singayinqoba, ngoba nanku lokho engizakwenza. Bazakutsho konke lokho okungokwakho ngoba wasayina ibizo lakho kukho. Futhi bazakutsho ukuthi ngokwakho, loba yafakwa ebhanga ebizweni lomkhankaso, ibandla, umkhankaso kaBranham, futhi-ke ibandla.”

<sup>15</sup> Futhi akula lasikhathi sinye, abangathola khona isenti elilodwa engazisebenzisela lona. Lelo liqiniso. UNkulunkulu uyakwazi. Kulamadoda ahlezi khona lapha manje, ababelami isikhathi sonke. Kwakungela ngitsho isenti elilodwa engazisebenziselayo. Kwaku ngokuMbuso kaNkulunkulu konke, yonke indawo, yonke itsheki, yonke enye into.

<sup>16</sup> Kodwa, bona lokho, kodwa lokho kakulandaba. Kwaku-kufanele kube ngokwami, kuqala, futhi-ke okwebandla, okwemikhankaso. Futhi balendlela yokukwenza ngayo, liyazi,

uhlobo lonke lokuphunyuka abangalwenza. Ngakho-ke ngathi, “Awu, a—angisoze nje ngikwenze.”

<sup>17</sup> Futhi wathi, “Awu, nxa singalunqoba udaba ngaleyo ndlela, ngoba, ngiza—ngizakumemezela ‘izipho eziqondene lomuntu.’ Bona? Ngizazimemezela, ngohulumende, ‘izipho eziqondene lomuntu.’” Futhi wathi, “Khona-ke, lapho ngisenza lokho, khona okwedlula inkulungwane ezilitshumi zamadola azakuba lilifa. Futhi-ke uzakuba usuphendukile khona kikho njalo, futhi bazakubamba eminye iminyaka emihlanu, bewakhangela wonke.” Bona? Lapho ubhala itsheki, idlula endlini yokuhluzisa. Benza ukuthatha umfanekiso, bakope leyo tsheki. Ngoba, ngangilawo wonke amatsheki, futhi, ukuthi edlula lapho. Ngakho bathi, “Yikho lapho abakuthola khona, ubuyele emuva njalo.”

<sup>18</sup> Futhi wathi, “Enye into, Mnu. Branham, nxa wena, wake wabizela kuhulumende, njengalokho, ngaphansi kokuhlolwa, loba kuyini okwenzayo, emehlweni omphakathi, ‘Uligwelegwele.’ Bona? Kodwa yikho kuphela.”

<sup>19</sup> Khangela lumtshumayeli omncinyane weBaptisti phansi lapha eMississippi, lowo mfo omncinyane. Umfazi wathi ukuthi wangena futhi wamthuka. Futhi leyondoda yaletha ubufakazi buvela elizweni lonke lakuyo yonke indawo, wayengekho ngitsho edolobheni, okwezinsuku ngaphambili, usuku, kumbe usuku ngaphambili, okokuthi umahluleli wayefuna ukuphenduka futhi amangalele umfazi ngesigcono. Wathi, “Myekeni ahambe.”

<sup>20</sup> Futhi lapho lokho sokubekwe esivivinyweni sika *Mqaphelisi*, elizweni lonke, liyazi lokho okwenzakalayo? Amaphesenti angamatshumi ayisikhombisa lanhlanu abantu beMelika bathi, “Lapho okulentuthu khona, kulomlilo.” Futhi lowo mfo omncinyane odubekayo, engelacala nje ngalokho engingaba yikho, kumbe loba ngubani omunye, uzathwala nzima ngaphansi kwalokho okwensuku zakhe zonke, lapho wayengelalutho lakancane lokwenza ngakho.

<sup>21</sup> Ngezwa kubi sibili, okwesikhatshana, ukucabanga ukuthi ngibeke impilo yami eMbusweni kaNkulunkulu, ukuzama ukwenza, ukubona abantu bebhadala imithelo yabo futhi benze izinto, futhi benze okuqondileyo, futhi ngenze amagwelegwele abe ngabantu abalungileyo; futhi ngenziwe okungathi ngangiligwelegwele, ngokwami. Ngacabanga, “Kuyini khona emhlabeni engikwenzileyo?”

<sup>22</sup> Futhi-ke kwasekusiza kimi, futhi ngakhangela eBhayibhilini. Wonke umuntu eBhayibhilini, kungela loyedwa, owake waba lesikhundla sikamoya, nxa uSathane wayengeke ababambe ekuziphatheni kwembeko kumbe enye into, uhulumende wayebabamba. Buyela khona emuva lobangaphi ofuna khona, yonke indlela phansi: UMose, uDanilyeli abantwana bamaHebheru, uJohane umBhaphathizi. UJesu

Khristu wafa ngombusi, isijeziso ngokubulawa. UPhawuli, Phetro, uJakhobe oMkhulu, uJakhobe oMncinyane, bonke ngamunye wabo bafa ngaphansi kukahulumende.

<sup>23</sup> Ngoba, kuyikho, wonke uhulumende, uyisihlalo—isihlalo sikaSathane. UJesu watsho njalo. IBhayibhili liyakutsho. Bona? Uhulumende wonke ubuswa ngudeveli. Kuyeza uhulumende ozabuswa nguKhristu, kodwa lokho kukuMilenyamu. Kodwa lokhu, ohulumende laba khathesi, kungelandaba lokuthi sicabanga ukuthi bahle okunganani, kukanti, ngemuva kwabo, ba—babuswa nguSathane. “Imibuso leyi,” wathi, “ngeyami. Ngenza ngayo loba yini engikufisayo. Ngizayinika Kuwe, nxa Ungangikhonza.”

<sup>24</sup> UJesu wathi, “Suka lapha, Sathane. ‘Uzakhonza iNkosi, futhi Yona kuphela uzakuyikhonza.’”

<sup>25</sup> Futhi-ke ngadana. Umkami ungilalele. Ngaqhubeka, ngathi, “Hatshi, mnumzana. Mina, nxa bengilomlandu wesikwelede, bengiyakusibhadala. Angila mlandu wesikwelede, futhi nje angiyi kusibhadala. Yikho kuphela.” Ngathi, “Ngingasibhadala njani, kungenani?”

<sup>26</sup> Ngakho, ngahamba ngekhaya. Ngathi, “Meda, geza ubuso babantwana. Lungisa impahla zabo. Sengihamba.” Ngathi, “Abasoze ngitsho. . . Yonke into, igonqomile nje.”

<sup>27</sup> Ngathi, “Kuyini engikwenzileyo? Ngitshole.” Ngathi, “Kukanti, mina, inkulungwane ezingamatshumi amane zamadola? Whew! Kawunanzeleli lokho okukutshoyo kimi.”

Futhi weza phakathi, njengenkosikazi enhle encinyane engakwenza, wathi. . .

Ngathi, “Sengihamba.”

<sup>28</sup> Wathi, “Ucabanga ukuthi lokho kungancedani na? Usukhuleke ngakho yini?”

<sup>29</sup> Ngacabanga, “Awu, mhlawumbe kungcono ngikhuleke njalo.” Mina ngiyabuyela phakathi. Kwakhangeleka engathi Wathi kimi, uMbhalo.

<sup>30</sup> Izikhathi zonke, sifuna ukukhangela uMbhalo, lokho uNkulunkulu akwenzayo ngakho, uyabona.

<sup>31</sup> Futhi ngolunye usuku, kwabuzwa Kuye, uyazi, ukuzama uku—ukuzama ukumMangalela kuhulumende. Bathi, “Kuhle yini kithi amaJuda akhululekileyo ukunika intelo kumbe umthelo kuKhesari?”

Wathi, “Ulepeni na?” Wathi, “Kulotshwe bani kuyo?”

Bathi, “Khesari.”

<sup>32</sup> Wathi, “Khona-ke phanini uKhesari izinto zikaKhesari. LakuNkulunkulu, izinto zikaNkulunkulu.”

<sup>33</sup> Ngacabanga ngalokho. Ngavula eBhayibhilini futhi ngalibala. Ngacabanga, “Ngeqiniso, Nkosi, kunjalo. Kodwa

*lokhu* akusikho kukaKhesari. Lokhu kwaku Ngokwakho. Kwakungayisikho kukaKhesari. Aluba bekungokwami, ngangifanele ngibhadalele imithelo eminengi kumbe enye into, Awu, lokho kwakuzakuba kwahlukile, ukuthi kwakungokuka Khesari. Kodwa, *lokhu*, lokhu Ngokwakho. Bona? Futhi kwa—kwakungayisikho kukaKhesari, kwasekuqaleni.”

<sup>34</sup> Liyazi, Uhlezi elempendulo eLizwini. Ngabala nje phambidlana, futhi Wathi, “Tshono, Simoni, awula wuka yenhlanzi esikhwameni sakho na?” Bona? “Uhlezi uthwele iwuka yenhlanzi encinyane lentambo. Futhi nje Ngenze idiphozithi lokhu kusa, ebhanga lenhlanzi phansi-le e—emfuleni, liyazi.” Wathi Yena...“Ngenze idiphozithi, futhi umasebenza ebhanga uzanika ngeqiniso lokho alakho. Hamba nje phansi lapho futhi uphosele iwuka emfuleni. Futhi lapho ufika ebhanga, vula umlomo wakhe, liyabona, futhi uza—uzaphumisa indibilitshi. Masingabakhubi. Lingalethi isikhubekiso kubo. Bona? Hamba uyeyibhadala, Simoni. Lokho kuzakuba ngoKwami lawe.”

<sup>35</sup> Ngacabanga, “Qiniso, Nkulunkulu. Ulamabhanga enhlanzi lakho konke okunye, elizweni lonke. Kangazi ukuthi kuzakwenziwa njani.”

<sup>36</sup> Kodwa sehla phansi. Ngilabazalwane khona lapha ebandleni abama nothini lami, futhi ngabeka inothi phakathi, futhi ngathola inkulungwane ezingamatshumi amane zamadola, futhi ngayibhadala.

<sup>37</sup> Ngahamba ngekhaya. Ngangifuna ukubakwazi indlela engabhala ngayo leyo tsheki, nxa bengaphenduka khona kimi njalo. Ngathi, “Lokhu kuyikutsho ukuthi ngikhululekile emithelweni yonke. Awu, kungcono bayivumele leyo, ngeqiniso bazakungena enkingeni emva kwalokho.” Ngaqhubeka ngifona, ebhanga, ukubona nxa bezakwenza.

Futhi, ekucineni, uBob wangitshela, wathi, “Billy, bakwenzile.”

<sup>38</sup> Ngangena phakathi futhi ngabeka ingalo yami kunkosikazi, ngathi, “Sithandwa, ngikhululekile.” Ngumuzwa bani, ukukhululeka!

<sup>39</sup> Futhi-ke ngingayibhadala manje, bakwenza kwabalula sibili kimi. Ngingayibhadala ngezinkulungwane ezine zamadola ngomnyaka. Manje, kangenelisi ukuhlala ngingenzi lutho futhi, bakwethu. Kufanele ngiphume futhi ngiyesebenza. Ngakho ngi—ngi... Kwangithathela iminyaka elitshumi ukuyibhadala. Futhi nxa—nxa uJesus engabuyi. Futhi lapho lokho, lapho Esenza, zonke izikwelede zonke ziqediwe khona-ke kungenani. Bona? Ngakho, khona-ke, ngakho ngi—ngithemba ukuthi lina lonke... Imikhuleko yenu... Futhi, lobubusuku, ngizaqhubeka ngenye into encinyane nje kulokho. Kodwa imikhuleko yenu yiyo eyangisizayo. Ngiyabonga, kakhulu. UNkulunkulu alibusise.

Kungenani lapho esingabe sikhona, kangisoze ngikukhohlwe lokho.

<sup>40</sup> Lobubusuku, nxa iNkosi ithanda, ngiyafisa ukukhuluma okunye kwamaqiniso engikwaziyo. Futhi libe leqiniso ukubuya. Manje, khumbulani: *Bomnumzana, KuyiSikhathi Bani Na?*

<sup>41</sup> Manje, sizakuya...Ngiyakholwa, balohlelo olugcweleyo olwakho konke okwe...liviki. Futhi ngoMvulo ebusuku yi...Izinkonzo, lobubusuku, lamuhla lalobubusuku, loMvulo. UMvulo ebusuku yinkonzo yomlindelo. Futhi—futhi-ke lokho kulinika oLwesibili, uSuku loMnyaka omuTsha; nxa uphandle kwedolobho, ungabuyela ngekhasya.

<sup>42</sup> Futhi sizakuba labatshumayeli abahle lapha manje okwalowo mhlango. Thina, i—iqembu elikhulu lezikhulumi ezinhle, futhi wonke umuntu uzakuba ekhuluma ngezikhathi ezitshiyeneyo, kusehla kuze kube phakathi kobusuku. Futhi kwezinye izikhathi bathatha isidlo, nxa kusemzileni. Kangikwazi ukuthi bazakwenza lesi sikhathi, kumbe hatshi. Khona nje lapho beklabalala, futhi bememeza, lokudubula, lokunatha, futhi beqhubeka, sithatha isidlo. Amen. Siqala uMnyaka omuTsha kuhle, ngesidlo. Manje, lonke liyanxuswa. Futhi ngiyathemba ukuthi, lina, uNkulunkulu wamazulu uzalipha ithuba lokuhlala nxa lisenelisa.

<sup>43</sup> Manje, singakasondeli eLizwini, ngifuna ukutsho lokhu, futhi, ukuthi ngeqiniso ngiyalibonga lelibandla, amalunga alo, ngalisudu enhle yezimpahla elingithengele zona. Ngiyabonga, kakhulu. Lokho kukhulu kimi. Wonke amakhadi enu lezinto nge—nge—ngesikhathi seKhisimusi, lezipho elazithumela emulini, futhi, o, mina, zazingabaleki kimi. Futhi amachatha amancinyane angenelisiyo ukuthinta ichatha enhliziyweni yami, akula lutho olwalungakwenza njengalokho, ukwazi ukuthi kuvela kini. Futhi abanye babo bangithumele ezinye zezipho zabo zeKhisimusi ziyimali.

<sup>44</sup> Futhi abanye babo bathumele okunjalo. Omunye umzalwane ungithumele ibhuku lesikhwameni elincinyane, futhi walenza lilebizo lami kilo. Iphini encinyane ebonakalisayo; iloMkhuleko weNkosi kiwo. Futhi, o, izinto ezinjengalezo; nje, siyakuqakathekisa nje. Umkami lami, labantwana sifuna ukulitshela, “Siyabonga, kakhulu.” Kuncinyane kakhulu. Kodwa ngizakutsho lokhu, leli yilizwi elikhulu engicabanga ukuthi loba ngubani angalitsho, “UNkulunkulu alibusise.” Akula lutho olungaba lukhulu.

<sup>45</sup> Manje, futhi kulaba abazalwane lapha ebandleni, abangithengele lowombhobho, Nga—ngagqoka isudu yami, kodwa a—angenelisanga ukuletha umbhobho ebandleni. Kodwa kwaku...Babesakuba lolutho sibili olumelana lami khona-ke, babengasoze na? Ngakho ngi—ngi—ngiyalibonga ngempela, bazalwane bami. Futhi bengizabala amabizo abo

kokuncinyane...Kodwa omunye wabazalwane wayephezulu izolo, wathi, “O, unga—unga—ungangibongi, Mfowethu Branham. Kungasusa nje intokozo yonke kikho.” Bona? Ngakho ngacabanga mhlawumbe abanye bonke bangacabanga into efanayo. Kodwa ngilalo ibizo lenu. Balibhala phansi. Ngizahlala ngikhumbula. Futhi iNkosi ilibusise kakhulu.

<sup>46</sup> Futhi liyakwazi lokho engiphumula kikho, futhi yikuhamba kulelo kamelo lensitha futhi ngihlale khonapho, futhi ngiphile njalo futhi. Lapho ngingabopheka kangako, ngingenelisi ukuqhubekela phambili, khona-ke ngicabange ngohambo lokuyazingela engalwenzayo kwenye indawo, kumbe kwenye indawo engahamba ukuyagola inhlanzi. Ngiyakuthakazelela lokho. UNkulunkulu alibusise.

<sup>47</sup> Manje, singakhothamisa amakhanda ethu okwesikhatshana nje, lapho sisondela eLizwini. Ngileqiniso kulezicelo phakathi lapha lokhu kusa, zinengi kakhulu ukuzibalisa nje khathesi. Ngakho angazi, lapho sikhothamise amakhanda ethu, isicelo sakho esikhethekileyo, nxa nje ungasigcina enhliziyweni yakho, futhi nje uphakamise izandla zakho, futhi uthi, “Nkulunkulu, Uyazi lokho engicabanga ngakho manje.”

<sup>48</sup> Nkosi Jesu, Uyabona isandla sonke. Futhi Uyakwazi ukuthi kuyini okungemuva kwalokho. Phansi kwaleso sandla kukhona isicelo. Futhi siyeza manje, ngokuhlonipha, phezulu esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu ophilayo, lelo pharela elimhlophe elikhulu elendlaleke emkhathini wesikhathi, lapho uJehova uNkulunkulu ahlezi khona Lapho, futhi iGazi likaKhristu liphezu kwe-altare. Futhi sikhuluma kulelo Gazi, Ngaye owathi, “Cela uBaba loba yini eBizweni Lami, kuzaphiwa.” Awungeke Uzwe na, Nkulunkulu, lokhu kusa, futhi uphendule izicelo zabo na? Ngiyabeka umkhuleko wami kanye lowabo, lamuhla, ukuthi Uzakupha.

<sup>49</sup> Nanka lapha amahenki abekwe lapha, Nkosi, labo abagulayo labahluphekileyo. Futhi siyafundiswa eBhayibhilini, ukuthi, “Bathatha kuPhawuli oNgcwele amahenki lamafasikoti, futhi abekwa phezu kwabagulayo, futhi imimoya engcolileyo yaphuma kibo, lemikhuhlane yasuka.” Futhi, Baba, njengoba sabakwazi okwesikhathi eside, futhi siyakwazi ngeqiniso ukuthi asisuye uPhawuli oNgcwele. Kodwa, emva kwakho konke, sizwa ukuthi kwakungayisuye uPhawuli oNgcwele. KwakunguKhristu owayephakathi kwakhe. Futhi Unguye “ofanayo izolo, lamuhla, lanininini,” ngokoMbhalo. Manje, lababantu, Nkosi, bayakholwa ukuthi nxa singacela uNkulunkulu, futhi sithathe amahenki lawa futhi siwabeke phezu kwabagulayo babo, ukuthi bazasila. Ngiyakhuleka ukuthi kuzakuba njalo, Nkosi, lapho amahenki lawa ebekwa phezu kwabagulayo.

<sup>50</sup> Futhi njengoba kwatshiwo, ngesinye isikhathi, uIsrayeli eqalisa emzileni womlandu, esiya elizweni lesithembiso, futhi



uLwandle oluBomvu lwabaquma, khona endleleni yomlandu. Kodwa uNkulunkulu wakhangela phansi ngaleyo Nsika yoMlilo, ngamehlo azondileyo, futhi lololwandle lwesaba. Futhi lwagiqela emuva amagagasi alo, amanzi alo. Futhi uSrayeli wadlula emhlabathini owomileyo, esiya elizweni lesithembiso.

<sup>51</sup> Manje, Nkosi, lamuhla, khangela ngeGazi likaJesu. Futhi Uyabona lesisenzo sokholo esiwenzayo lapha lokhu kusa. Futhi makuthi uSathane esabe futhi asuke. Futhi makuthi munye ngamunye walezi zihambi ezikhona, lalinye ngalinye lalawa mahenki azabekwa phezu kwabo, makuthi ba... umgwaqo uvulwe, lemikhuhlane isuselwe khatshana, futhi makuthi bahambe beqonde elizweni lesithembiso, bekhokhelwa nguMoya oNgcwele, iNsika yoMlilo. Siphe khona, Nkosi.

<sup>52</sup> Manje, busisa izinkonzo, amazwi, indikimba, ukubala. Futhi makuthi uMoya oNgcwele uthathe iLizwi, lokhu kusa, futhi ulabe Lona kamnandi komunye lamunye wethu, Nkosi, lapho sikhula sisondelela kwenye into enkulu kakhulu into esingayaziyo ukuthi iyini. Inhliziyo zethu ziyaqhutshwa ngokungejwayelekanga, Nkosi. Futhi siyakhuleka manje, lapho sisondelela ngokuhlonipha Kuwe leLizwi Lakho, ukuthi Uzasichasisela lokho elikutshoyo. Ngoba siyakucela khona eBizweni likaJesu. Amen.

Manje, lobubusuku, lingakukhohlwa i... *Isikhathi, KuyiSikhathi Bani Na?*

<sup>53</sup> Futhi manje, lokhu kusa, ngifisa ukuvula, lani njalo elilamaBhayibhili enu. Kumbe likubhale, nxa lifuna ukukwenza, eMibhalweni, lapho esifuna ukukhuluma khona, okwemizuzu emilutshwana, etholakala eBhukwini leMisebenzi. Singabala indawo ezimbili kumbe ezintathu. Imisebenzi 26:15, kuqala. Imisebenzi, isahluko 25 lendima 15, ukuqalisa.

<sup>54</sup> Khona-ke sifuna ukubala Imisebenzi 23:11. Futhi lingangezelela ngalokhu, nxa lifisa ukukwenza, mhlawumbe kangiyikuba lesikhathi sokuwubala, AbaseFiliphi 1:20. Konke kumayelana ngendlela efanayo, amazwi afanayo.

<sup>55</sup> Manje, eBhukwini leMisebenzi, 26:15, lapho elibaleka kanje:

*Mina ngasengisithi, Ungubani, Nkosi? Wasesithi, Mina nginguJesu omzingelayo.*

*... sukuma, njalo ume ngenyawo zakho: ngoba Ngibonakalele kuwe, ngalesi sizatho ukuthi ngikumise ube yisikhonzi lofakazi wezinto ozibonileyo, futhi langalezo zinto eNgizazibonakalisa ngazo kuwe;*

*Ngikophula ebantwini, lakwabeZizwe, ... eNgikuthuma kubo manje,*

*Ukuvula amehlo abo, lokubaphendula emnyameni baye ekukhanyeni, lemandleni kaSathane baye kuNkulunkulu, ukuze bemukelise uthethelelo*

*lwezono, lelifa phakathi kwabangcwelisiweyo ngokholo olukimi.*

*Ngakho lapho, O...Agripa, kangalanga ukulalela umbono wezulwini:*

*Kodwa ngatshumayela kuqala kubo abaseDamaseko, labeJerusalema, lakulo lonke ilizwe leJudiya, futhi labo...khona-ke lakwabeZizwe, ukuze baphenduke babuyele kuNkulunkulu, futhi benze imisebenzi efanele ukuphenduka.*

56 KuMisebenzi 23, lendima 11 njalo:

*Njalo ngobusuku obulandelayo iNkosi yema phansi kwakhe, futhi yathi, Mana isibindi Phawuli: ngoba... njengalokhu ufakaze ngami eJerusalema, kunjalo-ke kumele ufakaze laseRoma.*

57 Makuthi uNkulunkulu engezelele izibusiso Zakhe ezingwele ekubalweni kwaleli elilomusa omkhulu, iLizwi elingwele esilalo phambi kwethu.

58 Manje, ngangisizwa indoda ikhuluma, kumbe ifundisa, kungasikude, futhi wasebenzisa ibala: *Unomphela*. Futhi ngacabanga, “Lelo libala elihle sibili.” Ngiyalizwa lisetshenziswa kangako izikhathi ezinengi, “Impela.” Lokho...

59 Ngakhangela kusichazamazwi, sikaWebster. Ngokutsho kukaWebster, ku “Phelele ngokwakho; akulinganiseki emandleni akho; ngokukhulu isicino.” Futhi *isicino* ngu “Ameni. Yikho kuphela.” *Unomphela*, yikho. Kunga “Mandla angalinganisekiyo,” ibala *unomphela*. Yiku–yiku, “Kuphelele ngokwakho. Yikho kuphela okwakho. Lokho kuyakuzazulula.”

Ngacabanga, “Leyo yinto eyinkazimulo. Lelo libala elimangalisayo.”

60 Futhi manje, ilizwi ngumcabango obonakalisiweyo. Kuqala, kufanele kube ngumcabango, futhi-ke besekusiba yilizwi. Ngoba, kawukhulumi amazwi akho kungela mcabango.

61 Lapho sikhuluma ngendimi, kasila mcabango. NguNkulunkulu ethatha imicabango. Ngumcabango kaNkulunkulu esebenzisa indebe zethu. Kasicabangi kumbe ukwazi lokho okutshoyo lapho ukhuluma ngendimi, nxa kuyikukhuluma okuphefumulelweyo. Lapho uchasisa, kawukwazi lokho okutshoyo. Uyakutsho nje. Yikho kuphela. Bona? Lowo nguNkulunkulu. Futhi ukuprofetha, kawusebenzisi imicabango yakho uqobo. NguNkulunkulu, ngoba utsho izinto obungasoze ngokujwayelekileyo uzicabange ngokuzikhuluma. Bona?

62 Kodwa ibala *unomphela* liyi “siphetho.” Futhi, njalo-ke, ngiyacabanga ukuthi wonke umuntu kufanele abe lesicino. Futhi yonke impumelelo enkulu eyake yaphumeleliswa, kwaba lonomphela ngemuva kwayo. Kungelandaba lokuthi yayiyini,

kwaba lonomphelela ngemuva kwayo. Futhi wonke umuntu, ukuze aphumelelise ulutho, kufanele abe lonomphelela kuqala. Futhi lokho yikubuyisela emuva kokucina, ngakulokhu, lokho, emuva ngakokunye, uze ubuye kulunomphelela, kumbe u-ameni, kumbe isiphetho. Salokho ozakuya... Ulenye into okumele uzibophele kuyo, ngamanye amazwi. Yinsika yokucina yokubophela kuyo, kuyo yonke impumela. Ikwenye indawo. Ingadlula ngaphakathi kwezinto ezinengi ezehlukeneyo ize ifike kuleyo nsika yokubophela, kodwa kulo ameni kukho konke kwakho. Kumele kube lento enjalo. Ungeke udlule empilweni ungelayo.

<sup>63</sup> Wena, lapho utshada, kwabuyela emuva engqondweni yakho, enye into, waze watshaya leyonsika yokubophela. Futhi kufanele ukuthi kwakuluthando lomkakho, kumbe indoda yakho. Awu, mhlawumbe akamuhle njengomkaJohn; kumbe yena, awu, yena akasuye i-i lokhu, lokho. Kodwa kulenye into ngaye, leyo, wena, iyakuthinta. U-u-uthi, "Angabe engamuhle njengomunye," kumbe, "Angabe engakhangeleki emuhle njengomunye." Kodwa kumele kube lonomphelela lapho, ukuthi lowo muntu wahlukile, futhi kulapho obambelela khona. Nxa lokho kungekho lapho, kungcono ungatshadi. Leyonsika yokubophela! Lowo nomphela!

<sup>64</sup> Singacabanga ngabanengi ababe laba lonomphelela, eBhayibhilini. O, ukuthi singathatha kanjani, kusehla phansi ngokuhamba kwaleloBhayibhili, futhi sibe lapha nje amaviki amabili kusukela manje; futhi singathinti ngitsho laphezulu, nxa singacabanga ngabonomphelela eBhayibhilini. Njengokuthi, ake ngibize oyedwa nje kumbe ababili, ngibathi fahla nje.

<sup>65</sup> Khangelani uJobe. Manje, wayelonomphelela. Yonke into yahamba kubi kuleyo ndoda, indoda elungileyo. Manje, singeke saqala ukuthi sithi wayengalunganga, ngoba uNkulunkulu wathi wayelungile. Kwakungela omunye emhlabeni njengoJobe. Wayephelele, emehlweni kaNkulunkulu. Futhi wayekwazi, ngoba wayesiphetho. Wayelonomphelela, lapho yonke into yayikhangeleka ukuba iphambene.

<sup>66</sup> Umkhuhlane waqhamuka. Abangane bakhe babengabe bathi, "Manje, nanko-ke, Jobe. Lokho kuyatshengisa ukuthi uyona. Uphambukile." Futhi-ke obhishopi behla phansi. Babebabiza ngokuthi abaduduzi bakaJobe. Futhi kulokuthi bamduduze, kababonanga lutho kuphela isono empilweni yakhe, ngoba uNkulunkulu wayesebenze laye ngendlela Ayenzayo.

<sup>67</sup> Futhi abantwana bakhe babulawa. I-impahla yakhe yatshiswa. Into yakhe-yakhe yonke yahamba kubi. Futhi lempilo yakhe uqobo engozini, ehlezi phezu kwesilotha, kuqhamuke kusuka ebunzini lekhandla lakhe kusiya ngaphansi kwenyawo zakhe, ngamathumba. Futhi lowakhe othandekayo,

umngane omuhle, umama walabo bantwana, wathi, “Kumele uqalekise uNkulunkulu futhi ufe ukufa.” Kodwa ebusweni bakho konke lokho, uJobe wayelonomphelela.

<sup>68</sup> O, esikhathini somkhuhlane, nxa singazibophela kuphela kulowo nomphela!

<sup>69</sup> UJobe wayekwazi ukuthi wayeyenze ukutsho kukaJehova. Futhi wayelokholo kulokho ayekwenzile, ngoba uJehova wayekufuna. Singakwenza nje lokho. UJehova wayefuna umnikelo wokutshiswa wesono sakhe. Futhi uJobe, kungesiwo wakhe kuphela, kodwa lowabantwana bakhe, wenza umnikelo wokutshiswa, futhi yikho kuphela uNkulunkulu ayekufuna.

“O,” ungathi, “Ngiyafisa ngabe yikho kuphela Akufunayo lamuhla.”

<sup>70</sup> Kulutshwane kulalokho. Ukhlo nje eLizwini Lakhe! Futhi wena, nxa usenza iLizwi Lakhe unomphelela wakho, ungakwenza. Loba yisiphi isithembiso saPhezulu eBhayibhilini, ungabophela umphefumulo wakho kuso. Kungelandaba ukuba amagagasi akutshaya kangakanani, ulokhu ubotshelwe; unomphelela wakho.

<sup>71</sup> Futhi wabambelela kukho. Futhi lapho abaduduzi bakhe besithi, “Wonile,” wayekwazi ukuthi wayengonanga. Wayelungile, ngoba wayeyenze ukutsho kukaJehova. Futhi lapho okwakhe konke . . .

<sup>72</sup> Indoda yangena, yathi, “Abantwana bakho bafile.” Omunye wangena, wathi “Amakamela akho wonke atshisiwe. Futhi kwehle umlilo uvela ezulwini.”

<sup>73</sup> Khangelani ukuthi yimpikiswano bani abahlukumezi bakhe ababelayo. “Liyabona? Umlilo wavela ezulwini. Manje, Jobe, lokho kuyafakaza.” Lokho akufakazi lutho. “Manje, Ubengeke atshaye abantwana bakho, Jobe; uyindoda elungileyo.”

<sup>74</sup> “Kodwa,” uJobe wathi, “Ngiyakwazi ukuthi ngenze lokho okulungileyo.” Wayelokhu ebambelele. Wayelento ayengayibethelela phansi. Yikho lokho. Wayekwamukele. Wayeyenze khona kanye lokho uNkulunkulu ayemtshele ukuthi akwenze, futhi wayeqinisekile impela. Kulungile.

<sup>75</sup> Khona-ke lapho esefike endaweni, lapho lowo nomphela esebambile, khona-ke ekucineni waqala ukuzwa intambo ibopheka. Eyayisixega, isiya lapha lalapho, kodwa yaqala ukubopheka. Futhi uMoya wehla phezu kwakhe. Futhi wasukuma, engumprofethi, futhi wathi, “Ngiyazi uMhlengi wami uyaphila.” Amen. Bona? Wayebophe kwaqina kunomphelela wakhe. Wayesefikile ekuxhumaneni. Wayekwazi ukuthi wayeyenze lokho okulungileyo, futhi ngolunye usuku kwakufanele adonsele kukho. “Ngiyazi uMhlengi wami uyaphila, futhi ensukwini zokucina, Uyama phezu kwalumhlaba. Loba emva kokuba impethu zichitha lumzimba,

kukanti enyameni yami ngizambona uNkulunkulu.” Wayekwazi ngalesosikhathi. Khona-ke unomphela wakhe wagxila.

<sup>76</sup> UAbrahama, unomphela, eshla evela eBhabhiloni, esuka emphotshongweni, futhi ephuma esiya eShinari, futhi phandle phakathi lapho lapho ayehamba khona loyise wakhe, futhi mhlawumbe wayengumlimi. Kodwa ngolunye usuku, khonale emuva emaguswini kwenye indawo, mhlawumbe edobha izithelo zeganga, kumbe—kumbe esiyabulala inyamazana okwenyama yakhe; futhi kwenye indawo ngemuva phakathi lapho, uNkulunkulu wakhuluma laye, lapho eleminyaka engamatshumi ayisikhombisa lanhlanu ubudala. Futhi waye . . . Yena lomkakhe, uSara, yena elamatshumi ayisithupha lanhlanu, wayengela mntwana—wayengela mntwana. Babengelabantwana. Khona-ke uNkulunkulu wamtshela, “Uzakuba lomntwana ngoSara. Kodwa, ukuze wenze lokhu, kufanele uzehlukanise.”

<sup>77</sup> Izithembiso zikaNkulunkulu zihlezi zilezimo. Kumele, impela. Kungenani lokuthi uqiniseke okunganani ngesithembiso, singaphansi kwezimo, izikhathi zonke. Ukuthi sasingama njani lapha futhi singene sidlule kulowo Mbhalo, emuva laphambili, okwamahola, bona, ukuthi isimo yiso esitsho ulutho. Ungaba nje ngoqinisekileyo njengalokho ofuna ukuba yikho, kodwa kungaphansi kwezimo ngesithembiso, ukumiselwa ngaphambili, lokunjalo. Nanzelela.

<sup>78</sup> Manje, “UAbrahama, wakholwa uNkulunkulu, futhi kwabalelwa kuye ukuthi yikulunga.” Manje, kuyinto e—embi kanganani ezakuba yiyo ukuhlangana lomhlaba o—othuthukileyo, indoda eleminyaka engamatshumi ayisikhombisa lanhlanu ubudala, kanye lomfazi olamatshumi ayisithupha lanhlanu, futhi babephile ndawonye kusukela bengabatsha ababili, ngoba wayengudadewakhe ngokuyingxenye, futhi manje uzakuba lengane ngaye. Kodwa wayelonomphela. Kwakungela lutho olwaluzakumnyikinya.

<sup>79</sup> Futhi lapho, inyanga yokuqala, akuzange kwenzakale, unomphela wakhe wabambebele, ngoba wakwazi ukuthi wayekhulume loNkulunkulu. Inyanga yesibili, umnyaka wesibili, umnyaka wetshumi, futhi iminyaka engamatshumi amabili lanhlanu eyalandelayo, lapho eselekhulu, futhi uSara elamatshumi ayisificamunwemunye, unomphela wakhe wawulokhu ubambebele.

<sup>80</sup> Futhi iBhayibhili lathi, lapho isibabazo sempilo yakhe sibhalwa, Wathi, “UAbrahama akathandabuzanga esithembisweni sikaNkulunkulu, ngokungakholwa, kodwa wabalmandla, esipha udumo kuNkulunkulu.”

<sup>81</sup> Ngani na? Lake lacabanga ukuthi ngani na? Wayephelele, eqotho. Futhi into kuphela ayemele ayenze kwakuyi kuzehlukanisa ebantwini bakhe. Futhi uNkulunkulu kazange

ambusise waze wakwenza. Wathatha ubaba wakhe. Ubaba wakhe wafa. Wathatha uLothi. Futhi lapho, ngemva kokuba uLothi esezehlukanise loAbrahama, khona-ke uNkulunkulu weza kuye, wathi, “Manje dabula ilizwe.” Bona?

<sup>82</sup> Ukulalela, isithembiso, phansi kwezimo, kuhlezi kuhamba loNkulunkulu leLizwi Lakhe. Manje khangela ku. . .

<sup>83</sup> Kasithatheni uMose. UMose, i—inceku engumprofethi obalekayo, lowo uNkulunkulu ayemkhulisile futhi wamfundisa endlini yobukhosi kaFaro. Futhi—futhi uMose waphuma lokufundiswa kwakhe kwesayensi yenkolo, futhi kwakungumuntu wokuqala ambulalayo. Khona-ke, iphutha lokuqala elincinyane labuya, khona-ke uMose wesaba okokufa.

<sup>84</sup> Ngani na? Wayengela nomphela. Wayelobufakazi kuphela bukamama wakhe—wakhe ngokuzalwa kwakhe. Wayengumntwana ongajwayelekanga. Wayelelizwi likamama wakhe ngakho. Wayeleliqulu uNkulunkulu ayelayo mhlawumbe ephepheni kwenye indawo, ababeyibhalile, beyithwele kanye labo, ukuthi uNkulunkulu wayezakuvakatshela abantwana Bakhe. Wakwazi ukuthi leso kwasekuyisikhathi.

Njengoba sisenza manje, siyazi ukuthi kulento elungiselela ukwenzakala.

<sup>85</sup> Manje, uMose wakwazi ukuthi kwakuyisikhathi, njalo wakwazi ukuthi wayesikhethelwe, kodwa wayengelanomphela. Bona?

<sup>86</sup> Futhi ngolunye usuku, ngemuva kwenkangala, lapho eselahlekelwe ngumbono, uNkulunkulu wabonakala kuye, esihlahleni esivuthayo. Futhi Wathi, “Mose, Ngibonile ukuhlupheka kwabantu Bami. Ngizwile ukububula kwabo lokukhala, kwalabo bacindezeli bebajezisa. Futhi Ngikhumbule isithembiso Sami. Ngehlile ukuzobakhulula. Manje yehla uye eGibhithe.” O, minabo!

<sup>87</sup> Wathi uMose, ekhonona, esithi, “Kangikhulumi kuhle sibili. Ukukhululwa kwami—kwami akukho kuhle sibili. Abasoze bangikholwe.”

Wathi, “Kuyini okusesandleni sakho na?”

Yena wathi, “Intonga.”

<sup>88</sup> Wathi, “Iphosele phansi.” Yaphenduka yaba yinyoka. Wathi, “Iphakamise ngomsila.” Yaphenduka yabuyela njalo ukuba yintonga. Wayemnika isiqiniseko, isiqiniseko.

<sup>89</sup> Lapho uNkulunkulu esipha unomphela, Uyapha isiqiniseko kulowo nomphela, izikhathi zonke.

<sup>90</sup> Khona-ke uMose, lapho ephansi lapho, futhi waphosela phansi intonga yakhe phambi kwezalamusi loFaro, futhi izalamusi zeza futhi zaphosela phansi intonga zazo futhi, UMose

kazange agijime futhi athi, “O, awu, bengiphambanisekile. Ah, kuyibuqili bama salamusi angelancedo, futhi mhlawumbe bengiphambanisekile.”

<sup>91</sup> Kodwa wayekwazi. Wayeqinisekile ukuthi wahlangana loNkulunkulu, futhi wema ethule. Masithi wayeyenze khona kanye lokho uNkulunkulu amtshela khona ukuthi akwenze. Ngakho uJobe wenza khona kanye lokho uNkulunkulu amtshela khona ukuthi akwenze. UMose wayelandele imilayo Yakhe. Khona-ke, mana uthule futhi ukhangele inkazimulo kaNkulunkulu. UMose wayebotshelwe kunomphela wakhe, umsebenzi awuthunyiweyo, futhi wema wathula. Futhi lapho ekwenza, inyoka yakhe yaginya zonke ezinye inyoka. Bona? Wayebotshelwe kulowo nomphela.

<sup>92</sup> UNkulunkulu wathi, “Lapho ubakhulula labo bantwana, uzangiKhonza njalo kulintaba.”

<sup>93</sup> Manje, isitha, kuyo yonke indlela angayenza, uzazama ukulisusa khatshana lalowo nomphela.

<sup>94</sup> Khona lapho beqala ukuphuma eGibhithe, bacindezelwa khona entanyeni yo—yo Lwandle oluBomvu, izintaba nhlangothi zonke. Babuya esigodini, futhi nanto lapho uLwandle oluBomvu. Kungelandlela yokuphepha phezu kwamaqaqa, kungelandlela yokuphepha ngalindlela, futhi ibutho likaFaro libuya ngalindlela. Yindawo bani yokuma!

<sup>95</sup> Bona ukuthi udeveli ukungenisa njani endaweni lapho ongazi khona okokwenza? Kodwa khumbula, nxa ubotshelwe kulowo nomphela, lokho kulakho.

<sup>96</sup> UMose wayekwazi ukuthi uNkulunkulu wamethembisa, ukuthi, “Uzakhonza kulintaba lapho ubakhupha. Futhi Ngehle phansi, ngesandla sakho, ukubakhulula futhi lokubabeka ngakulelo lizwe.” Wahhala khona lakho. Futhi uNkulunkulu wathumela umoya wempumalanga futhi waphephula amanzi, phakathi kweziki yolwandle, futhi bahamba bechapha emhlabathini owomileyo. Unomphela!

<sup>97</sup> Singangena kanjani eMibhalweni: UDanyeli, unomphela wakhe; uShadraki, uMeshaki loAbedinego, unomphela wabo; uDavida, unomphela wakhe; bonke, unomphela.

<sup>98</sup> Uphawuli wayeLawo, laye, Lowo ebesibala ngawo. Wayelobizo olugxile kuKhristu, futhi lowo kwakungu nomphela wakhe. Yiso isizatho wayengesabi lokho uAgripha ayezakutsho. Emile lapho, futhi uAgripha wayengumJuda, njengoba sisazi. Futhi-ke lapho emile phambi kwalawa makhosi lezinto, uNkulunkulu wayesevele wamtshela ukuthi uzakuma lapho. Ngakho, wayelonomphela, ngakho wakhuluma wona kanye umbono waseZulwini. Wathi, “Angisuye... Angibanga ongahloniphiyo kilo. Ngangi... Angizange ngikwahlulele ngokungayisikho. Angizange ngingaziphathi kubi.” Kodwa

wabambelela kulo, futhi kabanga ngongalaleliyo. Wawuthatha, kwaze kwathi nta ngomzuzu, ngoba kwakuNgunomphelela.

Futhi loba yiphi impilo egxile kuKhristu, ingunomphelela wakho.

<sup>99</sup> Manje, kusukela ehlangana Laye, ubuso ngobuso, endleleni yokuya eDamaseko, lokho kwakusitsho okukhulu kakhulu kuPhawuli.

<sup>100</sup> Manje, khumbula, wayeyisifundi, ngaphambili. Wayeyindoda elamandla eMibhalweni. Kodwa wayengela nsika yokubophela kodwa iSanhedrin eyayimsekela, futhi i—futhi idiploma evela ku—ku—kumfundisi omkhulu. Wayeyindoda enkulu enkundleni yakhe. Kodwa waye lindele. Into kuphela ayelayo, unomphelela wakhe wayezakuqina njengokuqina kwenhlanganisano yakhe eyayiyikho. Yikho kuphela ukuqina ayengaba yikho. Futhi wayesebenza ethembekile kulokho, futhi wayethatha amaKhristu, futhi ewabopha, futhi esenza umonakalo ngabo, futhi waze wakhanda ngamatshe uStefane.

<sup>101</sup> Ngiyacabanga, ngokuya kwesikhathi empilweni yakhe, isizatho wahamba eJerusalema: Lapho, umprofethi emtshela, “Ungayi phezulu khonale, Phawuli, ngoba amaketani lezintolongo kukulindele.”

<sup>102</sup> Futhi uPhawuli wathi, “Ngiyakwazi. Kodwa kangiyi eJerusalema kuphela njengofakazi. Kodwa, ngiya lapho, ngilungele ukufela uJesu Khristu.” Ngoba wayekwazi lokho ayekwenzile, futhi ukulangazelela kwakhe kwakuyikuqinisa ubufakazi bakhe ngegazi lakhe uqobo, afe engofela ukholo, ngoba wabulala omunye wabafela ukholo bakaNkulunkulu.

<sup>103</sup> Futhi manje wayesendleleni yakhe esiya eDamaseko, kanye lemfundo yakhe yonke. Wahhala ngaphansi kwalowo mfundisi omkhulu, uGamaliyeli, lokuthi wayefundiswe kanjani enkolweni yonke yesiJuda. Kukanti, lakho konke lokho, wayengela mandla, futhi wayengelakwenelisa ukwenza izinto ezithile. Futhi kungananzelelwe, kwaba lokuKhanya, lokuduma, mhlawumbe, umdumo. Futhi watshaywa, futhi wawela emhlabathini.

<sup>104</sup> Futhi wakhangelela phezulu. Kwaba lokuKhanya okukhazimulayo, okwaphumputhekisa amehlo akhe. Futhi kwaba yinto bani engajwayelekanga. Akula omunye owabona ukuKhanya, uSawuli nje. Kwathenjiswa kangako, kwakuqotho sibili kuye, kwaze Kwaphumputhekisa amehlo akhe. Waye ngenelisi ukubona. Ephumputhekile ngokupheleleyo, lalayoNsika yoMlilo imbaneka ebusweni. Futhi wezwa iLizwi lisithi, “Sawuli, Sawuli, kungani uNgizingela na?”

Wathi, “Nkosi, UNgubani na?”

<sup>105</sup> Futhi Wathi, “Ngingu Jesu. Futhi kunzima kuwe ukukhahlela izincijo lezi. Vuka manje, futhi uhambe eDamaseko,



futhi lapho omunye uzathunyelwa kuwe.” Khona-ke lapho evuka kusuka lapho . . .

<sup>106</sup> Futhi kwakuloyedwa, umprofethi, phansi edolobheni, owabonayo embonweni lapho ekhuleka, futhi wabuya. UAnaniya weza, futhi wabuya kuSawuli. Wabeka izandla zakhe phezu kwakhe, futhi wasiliswa ngokusiliswa kwaPhezulu. Wasevuka-ke, wabhaphathizwa, egeza izono zakhe, ebiza eBizweni leNkosi. Futhi-ke waba lonomphelela. Akazange abe ngofanayo emva kwalokho. Waqonda khona kanye, kusuka ebandleni esiya ebandleni, indawo ngendawo, ezama ukwakha lokho ayezame ukukudabulela phansi.

<sup>107</sup> Ukuthi kanjani isizwe, ukuthi kanjani umhlaba wesiKhristu, lokhu kusa, ufuna lolohlobo lukanomphelela. Labo abanga . . . ? . . . izivumokholo lamasiko, azame uku, ngemfundiso yabantu, ukulenza lingafaneli iLizwi likaNkulunkulu ukuba ngelifanayo izolo, lamuhla, lanininini. Bafuna unomphelela, isenzakalo sokuhlangana, endleleni yokuya eDamaseko, uNkulunkulu ophilayo Ongasilisa abagulayo, futhi avuse abafileyo, futhi axotshe odeveli. Unomphelela oqotho!

<sup>108</sup> UPhawuli wayesazi ukuthi enye into yenzakele. Kwakungela muntu owayengakususa kuye. Akula okunye okwakulendaba. Wayebotshelwe, futhi lokho kwakuyikho. Loba yini okubuyayo, wayesazi ukuthi wayebotshelwe, impilo egxile kuKhristu. O!

<sup>109</sup> Impilo ayeyiphilile kwakuyimpilo eyahlukileyo. Manje, khumbula, waye yindoda yenkolo.

<sup>110</sup> Futhi kwabanye benu lina bantu lokhu kusa (futhi ngiyazi ukuthi liyananzelela ukuthi lithephu iyenziwa, izakhaliswa kuso sonke isizwe phansi kwamazulu, phose, emhlabeni jikelele); futhi abanye benu lina bantu elilapha, elikhona; futhi abanye benu lapho amathephu azakhaliswa khona kwezinye izizwe (ngumtoliki kuphiwe khona ezizweni zeAfrica, khonale kumaHottentoti, la—landawo yonke); futhi lakini bakhokheli bezinkolo abathole nje imfundo yeBhayibhili:

<sup>111</sup> Likuthole ngesimo sembali, futhi mhlawumbe ungenelisa ukuchasisa izinto zonke lezi, kodwa nxa ungelawo unomphelela, ungelaso i—isehlakalo, futhi nxa leso sehlakalo o—otsho ukuba ulaso sikwenza ulandule ukuthi iLizwi lonke la*Lokhu* aliqinisekanga nje eBandleni lamuhla njengalokhu elaLiyikho khona, futhi uthembele phezu kwedigri Yakho yeBachelor of Art kumbe loba yini ongaba lakho, nxa uthembe phezu kwemicabango yenhlanganiso yakho engathi, “Insuku zezimangaliso sezadlula, futhi asila kusiliswa kwaPhezulu, futhi ubhaphathizo lukaMoya oNgcwele njengalokho abakwemukelayo ngoSuku lwePhentekhosti akusikho kwabantu lamuhla,” nxa kuyikho kuphela olakho, mfowethu oligugu, dadewethu, ufuna isehlakalo sendlela yaseDamaseko!

<sup>112</sup> Udinga uhlangane lalunkulunkulu ophilayo, lapho wena, hatshi kuphela nje umcabango oyinganekwane engqondweni yakho, hatshi uqhusho, kumbe olunye uhlobo lwamadlabuzane, kodwa esifundisiweyo isehlakalo sokuliqiniso, okuqotho. UJesu ofanayo owahamba eGalili uyaphila lamuhla, futhi uyaphila ninilanini. Futhi Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini. Unomphela, ukuthi awudingi uthathe lokho omunye umuntu akukhulumileyo. Uyazazela ngokwakho, hatshi amadlabuzane.

<sup>113</sup> Futhi nxa amadlabuzane obe lawo, futhi omunye umuntu, kungabe kube ngamadlabuzane eBhayibhili aqotho, futhi omunye umuntu wazama ukukuchazela kude lawe, esitsho ukuthi izinto lezo zazikolunye usuku. Nanzelela. Kuliqiniso. Nanzelela. Kodwa kulendlela yokuba kwazi. Kuvivinye ngeLizwi. Yiyo ipulani.

<sup>114</sup> Nxa indlu iphakama ngokuphambene lepulani, ukontilaka uyayidilizela phansi futhi ayakhe kutsha. Kodwa kufanele kuhambelane lepulani.

<sup>115</sup> Kungelandaba lokuthi isehlakalo sakho siyini, khona-ke, nxa enye into kuwe ikutshela ukuthi lelo Bhayibhili alisilo qiniso, lawo mandla kaNkulunkulu, abapostoli, abaprofethi, labafundisi, labelusi, futhi izipho zikaMoya kazifani nje njengalokho ezaZiyikho lapho Zilandela kubo abapostoli ePhentekhosti, kulento ephambanisekileyo ngonomphela wakho. Kufanele kubophele kusivumokholo senhlanganiso yesonto kulaseBhayibhilini likaNkulunkulu. Lapho, Yena esithi, “Konke amazulu lomhlaba kuzadlula, kodwa iLizwi Lami alisoze lehluleke.” Khangela lokho unomphela wakho ayikho.

<sup>116</sup> Ungabe uqinisile impela ukuthi usebudlelwaneni obuhle lomalusi. Futhi ungabe uqinisile impela ukuthi usebudlelwaneni lomkhulu wesiqinti. Futhi ungabe uqinisile impela ukuthi usebudlelwaneni lobhishopi kumbe enye indoda enkulu ebandleni lakho. Kodwa nxa ungenjalo... Unomphela wakho kawusuye Jesu Khristu.

<sup>117</sup> “Ngoba phezu kwaleli Dwala Ngizakubeka unomphela Wami, njalo amasango esihogo akayi kuwehlula.” Isambulo sikamoya saLowo Anguye, futhi usazi! Kulungile. O!

<sup>118</sup> Manje, lapho usiba njengo Phawuli, ukuba lonomphela ofanayo lowo ayelawo, impilo egxile kuKhristu yimpilo eyahlukileyo kulaleyo owake waba layo. Futhi kungaba yimpilo yenkolo owake wayiphila.

<sup>119</sup> O, sengake ngezwa abantu besithi, “Manje, bangabenkolo sibili.” Lokho kakulani lokokwenza Lakho.

<sup>120</sup> Ngibone izinkolo ezinengi nje, bezinikele sibili, izikhathi ezinengi bephelele ukwedlula lokho abantu besiKhristu balamuhla abakuvumayo. Lapho umama engathatha ingane yakhe encinyane, ezimukileyo, emnyama, engabande *kangaka*, futhi ayiphosele emlonyeni wengwenya, ngokuthanda

unkulunkulu wakhe. Angazi ukuba isiKhristu siqiniseke okunganani. Lapho, umuntu engazihlukuluza ngendlela enjalo, afake amawuka azinkulungwane enyameni yakhe, njenga *lokho*, elenga lamabhola amanzi, embambele phansi njenga *lokhu*, futhi ahambe elangabini lomlilo, kusuka lapha kusiya ekucineni kwalelothabhanekeli, emuva laphambili, futhi wona utshisa uzube mhlophe, uphephethwa njenga *lokho*, ngomhlatshelo kankulunkulu wakhe, isithombe lapho silamehlo awerubi phakathi kwaso, lokunjalo. Kangazi lapho isiKhristu esikhona. Uh-huh. Uh-huh. Ngakho ungacabangi “ukuphelela.” Ukuphelela akusikho Khona. Ukuphelela kulungile nxa kubekwa entweni eqondileyo.

<sup>121</sup> Njengo dokotela enika umuthi. Engakunika itshefu, ephelele, futhi engakunika i-asidi yesalufa, ephelele. Ungaba lencwajana yemithi enqunywe ngudokotela igcwaliswe ngokungayisikho, futhi ungawuthatha uphelele, kodwa lokho akusindisi impilo yakho. Bona? Hatshi, mnumzana. Kumele wazi lokho okwenzayo. Futhi loba yini okuphikisana leLizwi likaNkulunkulu, kangilandaba lokuthi kuyini, lokuthi bekukhona okwesikhathi eside okunganani, kulokhu kungayisikho.

<sup>122</sup> UPhetro wabapha incwajana yemithi enqunywe ngudokotela elaPhakade ngoSuku lwePhentekhosti. Wathi, “Phendukani, munye lamunye wenu, futhi libhaphathizwe eBizweni likaJesu Khristu ekuthethelelweni kwezono zenu, futhi lizakwamukela isipho sikaMoya oNgcwele. Ngoba lincwajana yemithi enqunywe ngudokotela ngeyenu, lakubantwana benu, futhi lakubo abakude, labobonke iNkosi uNkulunkulu wethu ezakubiza.” Kunjalo. Yincwajana yemithi enqunywe ngudokotela elaPhakade.

<sup>123</sup> Manje, usomakhemisi wamanga engakubamba lokho futhi akubulale. Yebo. Qiniso. Uyazi, kuletshefu engako kuncwajana yemithi enqunywe ngudokotela, ukubulala igcikwane, futhi u—udokotela uyakwazi nje ngenganani elingenela, umzimba wakho ongakwamukela. Nxa engadlulisa itshefu, kungakubulala. Nxa ungelakho okweneleyo kwakho, khona-ke kuyini okungakwenza? Akusoze kukuncede ukuthatha umuthi. Uyakwazi lokho umzimba wakho ongakumela.

<sup>124</sup> Manje, yiyo indlela incwajana yemithi kaNkulunkulu eyikho. Kungelandaba lokuthi omunye umuntu uthi kumele kwenziwe ngali indlela, kumbe *leyo* ndlela, ungakukholwa. Lapho ulandela iLizwi khona kanye ekugcwaleni kwalo, yikho. Bambelela Kukho. Manje, sile...labo abathi, “Kumele ufafazwe.” Balalabo. Ngakho, “Kumele usebenzise izihloko zikaBaba, iNdodana loMoya oNgcwele.” Akula zinto ezinjalo eBhayibhilini. Akulandawo enjalo umuntu owake wabhaphathizwa, eBhayibhilini, ngeyinye indlela ngaphandle kweBizo likaJesu Khristu. Leyo yimfundiso-nkolo

eyengezelelwayo ebandleni leRoman Katolika, eyaqhutshezela ngamasiko. Sizakuthinta lokho lobubusuku.

<sup>125</sup> Kodwa nanzelela, phakathi kwakho konke lokho, incwajana yemithi enqunywe ngudokotela ilokhu isebenza. Yikho silabantwana abanengi abagulayo, ngoba abalaleli lokho uDokotela akukhulumileyo. Unomphela, lapho ubotshelwe kuLokho, yikho lokho. Yilo iLizwi likaNkulunkulu. Alehluleki.

<sup>126</sup> Impilo egxile kuKhristu! Eyenkolo sibili, kodwa yayingagxilanga kuKhristu. Abanengi bethu silakho lokho lamuhla.

<sup>127</sup> Futhi lapho uthola limpilo egxile kuKhristu, ikwenza wena wenze izinto ongeke uzenze ngokujwayelekileyo. Kukwenza wenze okwahlukileyo kulalokho ongakwenza ngokujwayelekileyo. Angitsho ukwenza ubuzanka. Ngitsho ukwenza ngokoMoya, into eqinisekileyo into eqotho. Futhi lapho ubona umuntu esenza ubuzanka, uyazi ukuba bafanisela ulutho. Bazama ukulingisela lapho into eqotho ekhona.

<sup>128</sup> Lapho ubona idola eliyisiphamaso, khumbula kule dola leqiniso elenziwe livela kilo. Bona? Lapho ubona isiphamaso, ngempela ngumfanekiso wenye into eliqiniso. Kungenye into e— e eqotho, ekotshwe kuyo.

<sup>129</sup> Nanzelela, kukwenza wenze izinto ngokujwayelekileyo ongeke uzenze. O, kuyinto. Uqinisekile. Uqinisekile sibili ngakho, lapho uthola lunomphela. Uqinisekile ngakho. Kawuthathi lokho okuyisehlakalo somunye umuntu.

